

Gloria Delgado
Inglada
 Instituto de
 Astronomía,
 UNAM, Mexico




UMkhathilibe Ephaketheni Lami

Izimpendulo zikwi-overleaf



Ngabe lezizinto ziyingxenye yohlelo lweLanga?



Imibuzo

Okunemzimba Emincanyana

- Imithlabana amatshhe azungeza ilanga. Ubukhulu bayo **buhnyejelela kwi khulu** lamakhloritha. Atholakala kwibhande eliphakathi kwanotshhezi kanye noMkhululchwana, elibizwa ngokuthi isEnkatheni.

- UBhaqanyezi amabhoda enzive ngamaqhwa kanye nothuli avela emhlonzatshe kanye nakwisiqingalanga. Kwesinye isikhathi izibhaqanyezi zive zisondele elangeni, okuzinobkalisayo. Oluduma lilo elibizwange- Halley's comet, elivakasha njalo eminyakeni eyama-75.

- Iziquhanyezi amatshhe adandabuzwa uhlelo lweLanga. Uma zingena emoyeni womhlaba zibizwa ngeziGhuhanyezi. Uma zisinda ekupheshulweni umoya, zifika ebusweni bomhlaba, zibizwa ngamatshhe omkhathini.

- Izinyanga izizungezimhlaba zemvelo




4
 Kwesokudla: Imibalabala idalwa ukushayisana kwohoyane olujijile olusuka eLangeni kanye namaChwe asemoyeni womhlaba.



Uhlelo lweLanga lwakhiwe iLanga kanye nakho konke okuyingiliza iLanga: imizulane, imizulane esicwe, iziNyanga, imihlabane, izibhaqanyezi, iziQhumanyezi....

Cishe izintlo ezingama-25 kuhlelo lweLanga zinobubanzi obunqaphazulu kwamakhilomitha ayi-1 000: iLanga, imihlaba esamoya, imihlaba ematshhe, imihlaba esicwe, kanye nalokho okuyingiliza iLanga kude kunolulundwa.

Ezinye izingxenye (imihlabana, kanye nemizwayi) zincane kakhulu.



Imizulane








Incasiso yokuqala yomizulane yanikezwa ngoNowaba, kowezi-2006 inikezelwa inhlango i-IAU. Ngokwalesisichasiso umizulane uNochoko 'wayeka' ukuba umizulane wesi-9.

Umizulane into:

- 1) ezungeza iLanga,
- 2) enesindo esanele ukuthi imbulungiswe uMnyondo wayo, futhi
- 3) esivuculule indle yayo lezozintlo ezincanyana kunayo.

Into enelisa u- 1) no- 2) kodwa hhayi u- 3) njengoNochoko norma uSirisi ibizwa ngemiZulane esicwe.

Uhlelo lwaqala luqetheke imizulane eyisityagalombili: Emine efana noNomkhulwane (uNomjubane, uNokhwezi, kanye no) kanye nemine esamkhulhulwana (uNomaxhama, uNomakhekheba, kanye noLulundwa).



Umkhathilibe Ephaketheni Lamni No. 4

LeNcwajana ilotshwe ngowezi-2016 ilotshwa ngu-Gloria Delgado Inglada wase Instituto de Astronomia, UNAM (eMexico) yase ihingilizwa uSean Kurtz wase Instituto de Radioastronomia y Astrofisica, UNAM (eMexico).

Ikhava umdwebho wozungezohlelo lweLanga kanye neNkanyezi yawo (iLanga), imizulane eyisi-8, kanye nezinyanga ezisi-130, uBhaqanyezi, imihlabana, amatshhe, kanye neMizwayi, uVuthwa: -NASA.

Ezinye izithombe zitshatshelwe kwiNASA, i-ESA, kanye neHubble archives.

Izindawo Kuhlelo lweLanga

Enkatheni inkethe imihlabana elinganelwe kwizigqibombi. Lemihlabana yadaleka ekudaleni kohlelo lweLanga kanti agcina esebanjilwe umnyondo kaMkhulhulwane esemisa okweNkatha.

Umlanzatshe Uqokethe ikhulu lezinkulungwane zoBhaqanyezi kanye nokanye, okufana noNochoko.

Isihaqalanga lfu elakhiwe izinto ezincane elitholakala emaphethelweni ohlelo lweLanga. Likude kunathi kanti likhulu ngalendlela yokuthi iVoyager 1 (umdlolozo womkhathi owanyakulwa ngowe-1977) kuzoyithatha amakhulu eminyaka ukuthi ifike kusona kanti kuyoyithatha izinkulungwane zeminyaka ukuthi yidabule iphinde yidule. Nesivini sokukhanya (amamitha ayizi-300,000 kuruzuzwana), kungathatha unyaka ukuhamba usuke eLanga uya kwisiHlaqalanga.

Ukudaleka kohlelo lweLanga

Uhlelo lweLanga ladaleka emiyakeni eyizigqibombi ezingu-4.6 eyedule. Lokhu sikwazi ngesikufunde kwiziQhumanyezi kanye neminyonzi.

Konke kwaqala ngeFu loMoya kanye noThunqathungqa. Isidanqazelakazi esasisondelene nalelifu salihalahalazisa, okwadala ukuthi lelifu lidingqane ngenxa yomnyondo, kwakheke isicaba, isicaba esintingilizayo esinenigilitho olutholokala kuMnongo. isifingno

Ngamuva, uMnyondo wadonsa yonke impahla yaba isihlekehleke waphinda wambulukisa enye ukudala imizulwane kanye nemizulwane esicwe. Izinsalela zadala izibhaqanyezi, imihlabana, kanye neziquhanyezi.

